

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LUKA-OPERATION
HLASELA ENDAWENI YASE-INK MHLAKA 17 SEPTEMBER 2010**

Mphathi Wohlelo

Amalungu eSishayamthetho

Amakomiti lezokuThutha nelezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi

IMeya yeTheku

Amakhansela e-INK

Abaholi bezenkolo

Abamele izinhlaka ezahlukenene zomphakathi abakhona

Izicukuthwane ezahlukenene

Abezindaba

Abasebenzi boMnyango nabakaMasipala

Bafowethu nodadewethu

Nginyanibingelela nonke!

Masiqale ngokubonga ukuthi namukele lesi sicelo sethu sokunimemela kulo mhlango esiwuthatha njengobaluleke kakhulu. Sinesiqinisekiso sokuthi ukubamba kwenu iqhaza lapha kuzothela izithelo ezinhle maduze nje ngisho nasesikhathini esikude esizayo kule ndawo ye-INK.

Sizokhumbula ukuthi ngo-January 21, 2010, uHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali wabiza ingqophamlando yombuthano eLangeni Hotel ukuzokwethula ngokusemthethweni uhlelo lokulwa nobugebengu. Kukulo mbuthano lapho kwazalwa khona uhlelo lokuthi "Sakha umbimbi lokulwa nobugebengu" (Build a United Front Against Crime). Phakathi kwababekhona lapha nguNdunankulu waKwaZulu-Natal uDkt Zweli Mkhize, yimina njengoNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, izingcitha-buchopho nezinhlekelele zomphakathi ezahlukenene. Iningi labo limelwe nakulo mhlango wanamhlanje ezingeni lesifundazwe nakwelasekhaya.

Inhloso enkulu ngalokhu kuhlanguka kwethu kwanamuhla wukwakha inkundla lapho ngokuhlangukela sizothola khona ubuhlakani bese kubonakala ukuthi yini engenziwa ukuthi lolu mbimbi lube ngoluphilayo. Kulowo mhlanguko sakuthola esasikufuna, okwakuyindlela eya phambili yokuhlangukela emgomweni owodwa wokulwa nobugebengu.

Njengengxenywe yohlelo lukaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali lokubhekana ngqo nobugebengu, kunamaqhinga abuyekeziwe ahambisana nokulwa nobugebengu ngokuhlangukela. La maqhinga ahlangukisa izindlela zokunqanda ubugebengu, ukuphuculwa kwezimo zenhlalo-mnotho kanye nokuqinisa ukubumbana kwabantu emiphakathini yonkana. Yiyo le ndlela eholele ekubunjweni kohlelo olusha lwesifundazwe olubizwa ngokuthi “Sakha umbimbi lokulwa nobugebengu”.

Okubalulekile ngaleli qhinga wukwenza uhlaka lokusombululwa kwezinkinga ngendlela ebandakanya izinhlaka ezahlukene sihlonze izinkinga bese sisebenzisa izindlela ezahlukene zokunqanda ubugebengu kanye nodlame.

Lolu mbimbi esikhuluma ngalo lunemikhakha eminingi ethinta, phakathi kokunye, ukubheka umndeni njengesisekelo ekwakhiweni komphakathi, ukukhuthaza izakhamizi ukuba zizinakekele, ukubheka konke okwenzeka ezindaweni esihlala kuzona, ukwakha ubumbano lomphakathi, ukubika ngobugebengu nokwabelana ngolwazi, njll.

Lolu mbimbi luhlose ukukhiqiza izinhlaka zomphakathi ezininikele ezizohamba ibanga elide ngokubambisana noHulumeni ekulweni nobugebengu. Luzama ukuthinta onembeza kosomabhizini ukuthi bazibandakanye babe nobubele. Ngalolu hlelo sithi silekeleleni ukuletha izinhlelo zomphakathi zokulwa nobugebengu ezizobuyisela impilo zenze ngcono isimo ngokomzimba nangokomqondo kubantu bakithi.

Ekuqiniseni lo mkhankaso wombimbi lokulwa nobugebengu, uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usabalalisa uhlelo luka-Operation Hlasela. U-Operation Hlasela usho ukuthi siphaka impi yokulwa nobugebengu nezigebengu uqobo. Lokhu sikwenza ngokusebenzisa izindlela ezicacile; ezicacile futhi ezidle ngemiphumela ebonakalayo.

Le ndlela singayichaza njengendlela eqondene ngqo nokufunekayo, esithi 'Targeted and Focussed Approach', njengoba ihlose ukudidiyela zonke izinhlelo zethu ukuze kuqiniseke ukungenelela kulezo zindawo ezihlonzwe njengezinezinkinga. Okusempeleni, lokhu kuzobandakanya ukuhlonza lezo zindawo ezinezinkinga bese kuba nokungenelela okufanele okuhlanganisa yonke iminyango. Bafowethu nodadewethu, yikona kanye lokho esizokwenza lapha.

Silapha ukuzohlonza bese sibhekana ngqo nazo zonke izinselelo zobugebengu obuhlasele kule ndawo futhi asiyi ndawo size sikhuculule bonke ubugebengu nabenzi babo kule ndawo ye-INK. Nina-ke zihlobo zami nimenyelwe lapha ukuthi nizositshela ukuthi yini enizimisele ngokuyenza ukusilekelela ekunqobeni le mpi. Kasizile ukuzobalula ukuthi yiliphi iqhaza elizobanjwa uhlaka nohlaka olumelwe lapha, kodwa silindele ukuthi yilowo nalowo kuninina uzoqhamuka nombono ozosetshenziswa ukwelekelela indawo yase-INK ukuthola ukuthula nokuphepha okufanele. Sengikushilo lokho, silindele ukuthi kuzothi kushaya isikhathi sokuhlukana ntambama sibe sesikwazilwe ukuqhamuka nesizokwenza bese siyazibophezela ukuthi sizokwenza kanjani.

Ukwenyuka kwezinga lobugebengu endaweni ye-INK akulethi ukukhathazeka KwaZulu-Natali kuphela kodwa nasezweni lonke. Okubi nje ngokuthi nginesiqinisekiso sento eyodwa yokuthi uma kwenzeka into efana nalena abantu okuyibona abathintekayo ngabesilisa nabasifazane nezingane izimpilo zabo ezizungezwe ubugebengu ngendlela yokuthi sebelahla nethemba ngokuthi bayoke bahlale endaweni ekhululekile ebugebengwini.

Sekube khona izigameko eziningi ezihlasimulisa umzimba ezibikiwe kule ndawo. Izibalo zobugebengu zonyaka ka-2009/2010, imibiko yabezindaba nocwaningo olwenziwa esiteshini sethu samaphoyisa konke kusitshela ngokwenyuka kwezinga lokwesaba okudalwa yizinhlobo ezintathu zobugebengu lapha. Ubugebengu obungobunye obuhamba phambili ezweni. Ngineqiniso ukuthi lona ngomunye wemilando abantu base-INK abangeke baziqhenye ngawo. Manje umbuzo-ke uthi 'yini esiyenzayo sonke ngalokhu'?

Ngomhlaka 28 April 2010, mina njengoNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngahlangana namaKhansela ase-INK. Kwakukulowo mhlango lapho kwahlatshwa khona ikhwela lokuthi kuqale ukusebenza kohlelo i-Operation Hlasela kule ndawo. Umbono kwaba ngowokuthi lolu hlelo luqale ukusebenza KwaMashu bese lusabalaliswa nakwezinye izindawo.

Esikhundleni sokuthatha indlela yokuyalela abantu ngokumele kwenziwe, indlela esiyithathayo lapha yileyo ezohlolwa ukuthi imiphi imiNyango kaHulumeni esesimweni esikahle sokubhekana nezinkinga ezithile bese yenza izincomo ngalokho.

Ngokubheka uhlelo lwamasu, iProvincial Implementation Strategy, mayelana nalolu mbimbi lokulwa nobugebengu singasho singananazi ukuthi siyazi ukuthi omunye wemiphumela edingekayo kulo mhlango wanamhlanje kuzokuba ngokusungulwa kwe-Community Safety Forum (CSF) maduze nje kule ndawo ye-INK.

Ama-CSF azosebenza njengohlaka lokuxhumana phakathi kwemiphakathi nohlaka olubhekele ubulungiswa, i-criminal justice system, kanye nazo zonke izinhlobo ezibambe iqhaza. Azobuyele futhi agqugquzele ukuphendula kukaHulumeni waseKhaya ezinkingeni ezithinta ezokuphepha nokuvikeleka kwemiphakathi.

Sifisa ukubona futhi kusungulwa amakomidi emigwaqo (Street Committees) ukuze kugqugqazelwe ezokuphepha ezindaweni esihlala kuzona. Ama-Community Police Forums (CPF) wona azokuba neqhaza ekwakhiweni nasekuqinisekiseni ukusimama kwalama komidi.

Ama-CPF wona asekelwa wuMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Izinhloko zezeMpilo nezokuPhepha koMasipala nazo kumele zisebenze ngokubambisana nama-CPF ekwakhiweni nasekugcinweni kwamakomidi emigwaqo.

Sengiphetha, lapha sihlaba ikhwela lokuba sibambisane ekuqhamukeni namasu amasha nokuzibophezela. Ukuze lokhu kuphumelele, kumele zonke izinhloko zomphakathi zisebenzisane ukulwa nobugebengu. Indlela esiphendula ngayo ebugebengwini ingaba yimpumelelo kuphela uma singahlanganisa futhi sisebenzise zonke izinsiza esinazo ukubhekana nezinsalelo esibhekene nazo.

Okubaluleke kakhulu, umuntu ngamunye, imindeni nemiphakathi kumele ibambe iqhaza kakhulu ekwakheni uhlobo lomphakathi esifuna ukuphila kuwo size sikudlulisele isizukulwane esizayo.

Sizogcina sifikile yize kungeke kube lula. Sonke esimeleleke lapha sidinga ukuthi sibe neqhaza kulolu mbimbi lokulwa nobugebengu. Kuzodingeka umuntu nomuntu kanye nemindeni sisekelane ukuze sibe yizakhamizi ezikumelayo ezikwenzayo. Ukunqoba le mpi sidinga uhlelo lwezobulungiswa olusebenzayo, imiphakathi ehlangene nenakekelayo, izikole, intsha, izinhloko zezenkolo, amabhizinisi, izinhlangano zomphakathi nazo zonke izinhloko ezimelwe lapha ukuthi zibambisane noHulumeni.

Mangigcine ngokuthi nginimeme nonke ukuthi nisebenzise leli thuba nizibandakanye ngokwakhayo empini yokukhuculula indawo yase-INK, ikhaya lenu.

Ngiyabonga!